Isifundo 3

**Ntulikazi 8-14*

Ubunye Bevangeli

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda:

Gal. 2:1-14, 1 Kor. 1:10-13, Gen. 17:1-21; Johane 8:31-36, Kol. 3:11.

Indimana Yekhanda:

"Gcwalisani ukuthokoza kwami ukuba nibe nomqondo munye, ninothando lunye, nibe nhliziyonye, niqonde into inye" (Filipi 2:2).

Umvuseleli ongumprotestandi, uJohn Calvin wayekholwa ukuthi ukwehlukana nengxabano yizikhali ezinkulu zikaSathane ekulweni nebandla, wase exwayisa amaKrestu ukuthi agweme ukwehlukana njengomashayabhuqe wesisfo. Kodwa masifune ubunye noma sekunyathelwa ngezinyawo iqiniso na? Cabanga nje ukuba uMartin Luther, uyise weMvuselelo yamaProtestandi, wayekhethe ukuhoxisa imibono yakhe mayelana nokusindiswa ngokukholwa kuphela ngesikhathi ethethiswa icala emkhandlwini i Diet of Worms ngoba ethi ufuna ukwakha ubunye. "Ukuba lomvuseleli wayeke wagudluka ngephuzu elilodwa nje, uSathane nemikhosi yakhe babe zobe banqobile. Kodwa ukuma kwakhe okunganyakaziswa kwaba yindlela yokukhulula ibandla, nesiqalo sesikhathi esisha nesingcono."--Ellen G. White, The Great Controversy, ikhasi 166.

KwabaseGalathiya 2:1-14, sithola umphostoli enza konke okusemandleni akhe ukusebenzela ubunye kwabaphostoli phakathi kwemizamo yabanye abazalwane yokubuchitha. Kodwa noma lobo bunye babubaluleke kangako kuPawulu, wenqaba ukuvumela iqiniso levangeli ukuba lixutshwe ukuze kutholakale lobo bunye. Nakuba ikhona indawo yokwehluka phakathi kobunye, ivangeli alingalulazwa ekwenzeni lokho.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ntulikazi 15.*

Ukubaluleka Kobunye

Funda ku 1 Korinte 1:10-13. Lezindimana zisitshelani ngendlela uPawulu ayekholelwa ngayo ekubalulekeni bobunye bebandla na?

Esezichithile izinsolo zokuthi ivangeli lakhe aliveli kuNkulunkulu, uPawulu usephonsa amehlo kwabaseGalathiya 2:1, 2, okunye futhi asolwa ngakho. Abafundisi bamanga baseGalathiya babethi ivangeli likaPawulu alivumelani nalokho okwakufundiswa nguPetru nabanye abaphostoli. Babethi uuPawulu ungumhlubuki. Ephendula lokhu kusolwa, uPawulu ulanda ngohambo ayeke waba nalo oluya eJerusalema eminyakeni engu 14 ngemuva kokuphenduka kwakhe. Nakuba singaqinisekile ngempela ukuthi lolo hambo lwenzeka nini, alukho uhambo olwalululula kulezo zinsuku zasendulo. Uma wahamba ngomgwaqo esuka eAntiyokiya eya eJerusalema, lolo hambo lwamamayela angu 300 lwamthatha amasonto amathathu futhi lwaluzokuba nobunzima nezingozi eziningi. Kodwa, phezu kwabo bonke lobo bunzima, uPawulu waluthatha lolo hambo, hhayi ngoba ebizwe abaphostoli, kodwa ngoba wayebizwe uMoya. Eselapho, wenekela abaphostoli ivangeli lakhe.

Wayekwenzelani lokho? Wayengenakho nokuncane ukungabaza ngalokho ayekufundisa. Wayengadingi ukuvunyelwa abaphostoli. Angithi vele wayeselishumayele iminyaka engu 14 lona lelo vangeli. Nakuba wayengadingi mvume yabo noma ukunconywa yibo, wayekuhlonipha kakhulu ukwesekelwa nokukhuthazwa abanye abaphostoli. Kanjaloke, ukuthi isigijimi sakhe sasehlukile kwakungekona nje ukuhlasela uPawulu yedwa, kodwa nobunye babaphostoli, nokuhlasela ibandla uqobo. Ukusebenzela ubunye babaphostoli kwakubalulekile ngoba ukwehlukana phakathi komsebenzi kaPawulu kwabezizwe nebandla eJerusalema kwakungaba yinhlekelele enkulu. Ngaphandle kobudlelwane phakathi kwabezizwe namaKrestu amaJuda, kwakuzokusho ukuthi "uKrestu wehlukene phakathi, nawo wonke amandla ayewafake emsebenzini uPawulu, nayesazowafaka ekuvangeleni abezizwe, kwakuzokuba yize."—F.F. Bruce, *The Epistle to the Galatians* (Grand Rapids, Mich.: William B. Eerdmans Publishing Company, 1982), ikhasi 111.

Yiziphi ezinye zezinto eziyingozi ebunyeni bebandla namhlanje? Okubaluleke kakhulu, uma sesizichazile, senzenjani ngazo na? Yiziphi izinto ezibaluleke ngaphezu kobunye na?

Ukusoka Nabazalwane Bamanga

Kungani ukusoka kwakuludaba olushisa kangaka embangweni phakathi kukaPawulu namanye amaKrestu amaJuda na? Bheka uGenesise 17:1-22; Gal. 2:3-5; 5:2, 6; Izenzo 15:1, 5. Yini kungeyona into elukhuni ukuqonda ukuthi kungani abanye babekholwa ukuthi nabezizwe badinga ukusokwa na?

Ukusoka kwakuluphawu lobudlelwane besivumelwano uNkulunkulu ayesenze noAbrahama, uyise wesizwe samaJuda. Nakuba ukusoka kwakuyinto yabesilisa kuphela bozalo luka Abrahama, wonke umuntu wayemenywa ukuba angene ebudlelwaneni besivumelwano noNkulunkulu. Uphawu lokusoka lwanikezwa uAbrahama kuGenesise 17. Lokhu kwenzeka ngemuva kokuba uAbrahama ezame ukusiza uNkulunkulu ekugcwaliseni isithembiso saKhe sokuthi uyozalelwa indodana (uAbrahama watholisa isisebenzi somkakhe saseGibhithe ingane). Ukusoka kwakuluphawu olufanelekile lwesivumelwano. Kwakuyisikhumbuzo sokuthi noma angamahle kangakanani amacebo omuntu, ngeke athathe indawo yalokhu okwethenjiswe uNkulunkulu. Ukusoka kwangaphandle kwakuwumfanekiso wokusokwa kwenhliziyo (Duter. 10:16, 30:6, Jer. 4:4, Rom. 2:29). Kumele ukuxetshulwa kokuzethemba kwethu, esikhundleni salokho kufakwe ukwethembela kuNkulunkulu.

Ngesikhathi sikaPawulu, ukusoka kwase kuphenduke uphawu olubalulekile lwesizwe nenkolo—hhayi lokho okwakuhloswe ngakho ekuqaleni. Eminyakeni engango 150 ngaphambi kokuzalwa kukaJesu, amanye amashanhlliziyo ayethanda kakhulu isizwe sawo, acindezela onke amaJuda angasokile ePalestina ukuba asoke, aze acindezela nawo wonke amadoda abawabusayo ahlala emazweni abazungezile ukuba nawo asoke. Abanye bakholwa nawukuthi ukusoka kuyipassport eya ekusindisweni. Lokhu sikubona ngezisho zezihlakaniphi ezazikhuluma ngeqholo amazwi afana nokuthi "amadoda asokile ngeke ehlele egehena (esihogweni.)" –C.E.B. Cranfield, *A Critical and Exegetical Commentary on the Epitstle to the Romans* (Edinburg: T. & T. Clark Ltd., 1975), ikhasi 172.

Kungaba yiphutha ukuthi uPawulu wayephikisana nokusoka ngokwako. Into uPawulu ayephikisana nayo ukuphoqa abezizwe ukuba basokwe. Abefundisi bamanga babethi: 'Ngaphandle kokuthi usokwe ngokwesiko likaMose, ngeke usindiswe' " (Izenzo 15:1). Umbango-ke kwakungekona ukusoka, kodwa usindiso. Usindiso lutholakala ngokukholwa kuKrestu kuphela, kungenjalo, umvuzo wokugcinwa komthetho.

Mhlawumbe namhlanje ukusoka akuyona into esusa umbango. Kodwa ikhona yini into esibangisana ngayo engalinganiswa nalenkinga?

Ubunye Phakathi Kokungafani

Funda kwabaseGalathiya 2:1-10. UPawulu uthi abazalwane bamanga "bangeniswa ngasese, bangena ngokunyenya, bezokuhlola ukukhululeka kwethu esinakho kuKristu Jesu, ukuze basenze izigqila" (Gal. 2:4). Yini leyo amaKrestu akhululwe kuyo na? Funda kuJohane 8:31-36; Rom. 6:6, 7; 8:2, 3; Gal. 3:23-25; 4:7, 8; Heb. 2:14, 15. Sizizwela kanjani empilweni yethu iqiniso lalenkululeko na?

Inkululeko, into emqoka kuPawulu uma kuchazwa amava obuKrestu. Walisebenzisa leligama izikhathi eziningi ukwedlula noma yimuphi omunye ombhali weTestamente eliSha, kanti kweyabaseGalathiya amagama athi "khululekile" noma "inkululeko" avela izikhathi eziningi. Kodwa inkululeko kumaKrestu isho inkululeko kuKrestu. Yithuba lokuphila impilo yokuzinikela kuNkulunkulu okungenazihibe. Ibandakanya inkululeko ekugqilazweni yizifiso zemvelo yethu yesono (Roma 6), inkululeko ekulahlweni umthetho (Rom. 8:1, 2), nenkululeko emandleni okufa (1 Kor. 15:55).

Abaphostoli babona ukuthi uPawulu uthunyelwe nevangeli kulabo abangasokile (Gal. 2:7). Lokhu kusitshelani ngobunye nokungefani ebandleni?

Abaphostoli bakwamukela ukuthi uNkulunkulu ubize uPawulu ukuba ashumayele ivangeli kwabezizwe, njengoba wabiza uPetru ukuba ashumayele kumaJuda. Kuzo zombili lezindawo, ivangeli lalifana, kodwa indlela elalishunyayelwa ngayo yayiya ngokuthi abantu abanjani labo abaphostoli ababezama ukufinyelela kubona. Okuqukethwe yilendimana ukuthi isigijimi esisodwa nesifanayo sizozwakala ngezindlela ezehlukene, sibe nemiphumela eyehlukene emiphakathini eyehlukene nezimo ezehlukene….Yiso lesigijimi esisodwa esiyisisekelo sobunye bamaKrestu, ukuba munye noma singafani."—James D. G. Dunn, *The Epistle to the Galatians* (Peadbody, Mass.: Hendrickson Publishers, Inc., 1993), ikhasi 106.

Sifanele ukuzamukela kanjani izindlela zokuvangela nokufakaza ezisikhipha kulezo esizejwayele? Zikhona yini izindlela zokuvangela ezikuhluphayo? Uma zikhona, yiziphi, zikuhlupha ngani, futhi kungenzeka yini ukuthi udinga umqondo ovulekile mayelana nazo?

Ukungqubuzana eAntiyokiya (Gal. 2:11-13)

Ngemuva kwesikhathi uPawulu esexoxisene nabaseJerusalema, uPetru wavakashela eAntiyokiya laseSiriya, lapho kwakukhona ibandla lokuqala labezizwe, futhi kuyisizinda somsebenzi kaPawulu njengoba kuchazwe kweyeZenzo . Elapho, uPetru wadla ngokukhululeka namaKrestu avela ezizweni, kodwa kwathi lapho kufika isixuku samaKrestu angamaJuda evela kuJakobe, uPetru, ngokwesaba ababengase bakucabange, washintsha ukwenza kwakhe ngokuphelele.

Kwakufanele ngani ukuthi uPetru azi kangcono kunalokhu na? Qhathanisa amaGalathiya 2:11-13 neZenzo 10:28. Lokhu kusitshela kanjani ukuthi amasiko angabambelela kangakanani ezimpilweni zethu na?

Abanye benza iphutha lokucabanga ukuthi uPetru namanye amaJuda ayehamba nawo base beyekile ukulandela imithetho yeTestamente eliDala maqondana nokudla okuhlanzekiile nokungahlanzekile. Kodwa akunjalo. Ukuba uPetru nawo wonke amaKrestu angamaJuda base beyilahlile imithetho yokudla yamaJuda, kwakuzolandela ukukhononda okukhulu ebandleni. Uma kunjalo, ngabe kubhaliwe, kodwa akukho lutho okubhalwe ngalokho. Kuyabonakala ukuthi udaba lwalumayelana nokuhlanganyela ekudleni nabezizwe. Ngenxa yokuthi amaJuda amaningi ayebuka abezizwe njengabangahlanzekile, kwakuwumkhuba wabanye ukuthi bagweme ukuhlangana nabezizwe uma kwenzeka. UPetru wayeke waba nenkinga ngaloludaba naye, kwasiza umbono awuboniswa uNkulunkulu ukuze alubone kahle. UPetru wathi kuKorneleyu umphathi webutho lekhulu ongumRoma esengene endlini yakhe: " 'Nina niyazi ukuthi kuphambene nomthetho ukuthi umJuda ahlale noma avakashelane nomuntu wesinye isizwe, kodwa uNkulunkulu ungibonisile ukuthi ngingabobiza muntu ukuthi ungcolile' " (Izenzo 10:28). Yize noma wayekwazi lokhu, wayesaba kakhulu ukukhubekisa amaJuda akubo, waze wabuyela ezindleleni zakhe ezindala. Ayenamandla angako-ke amasiko empilweni kaPetru. Kodwa uPawulu wabiza isenzo sikaPetru ngegama elisifanele: igama lesiGriki alisebenzisa kumaGalathiya 2:13 elisho ukuzenzisa. Uthi "noBarnaba waze wathatheka ngokuzenzisa kwabo." Amazwi ashubile lawa avela komunye umuntu kaNkulunkulu eya komunye.

Kwenziwa yini kube lula kangaka ukuba umzenzisi? (Kungenzeke yini ukuthi asiwaboni awethu amaphutha kodwa sibe sifuna ukukhomba awabanye ngentshisekelo?) Uthola hlobo luni lokuzenzisa kweyakho impilo? Okubaluleke kakhulu, ungakubona kanjani, bese ukusiphula na?